



Ukuhlomisa izingane zethu
ngelikusasa

Isiqinisiso 1

Isihloko sesifundo: IKhathekizima

Umhlahlandlela womzali

Isikole sangeSonto Isikole sasekhaya



Mzali Othandekayo

Uyamukelwa kusifundo: **IKhathekizima**

Lomqulu ukunika umhlahlandlela ofanele wokuba ungasethula kanjani lesi sifundo.

Ungasilungiselela futhi usethule kanjani lesi sifundo

Nanka amanye amasu ngezansi wokulungiselela nokwethula lesi sifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
1.	<p>Finyelela ku Webhusayithi ye-New Apostolic Church ngokufaka noma ngokuchofoza kusixhumanisi esilandelayo kusuka ku-WhatsApp: https://bit.ly/3NACSSH</p>
2.	<p>Qoqa lezizinsiza zokufunda ezilandelayo ukuze uqiniseke ukuthi usihlomele lesisifundo:</p> <ul style="list-style-type: none">• IBhayibheli• Isifundo ngefomethi ye-PDF esivele silungisiwe• Incwadi yengane yokusebenzela kanye namapensele, amakhilayoni, njll.• I-Vidiyo kiliphi okuyisisiza sokufunda esingezekile / isisiza sokufunda ongazikhethela ngokuthanda kwakho• Ikhathekizimu yemibuzo nezimpendulo (Ikakhulukazi kulesisifundo sesiQinisiso). <p>Qaphela:</p> <p>2.1: Isikhathi esifanele sokuthulwa kwalesisifundo, kungemuva kwenkonzo yangeSonto ekuseni, ngokuhambisana nesikhathi sesikole sangeSonto ukuze kugcinwe inqubo yesikhathi esijwayelekile.</p> <p>2.2: Uyacelwa ukuba ugcine isifundo sibe mfushane uma kunokwenzeka, khumbula izinga lokunaka kwezingane zethu (gxila esifundweni) - uyazi kangcono ingane yakho!</p> <p><i>Isikole sangeSonto ngokuvamile asidluli imizuzu engama-45.</i></p> <p>2.3: Lesisifundo silungele ibanga lesiQinisiso 1.</p> <p>2.4: Uyacelwa uthinte uThisha wakho wesiQinisiso uma udinga noma yiluphi usizo noma uma udinga ezinye izinsizakufunda kulezi ezingenhla.</p>
3.	<p>Khuleka (bheka umkhuleko osekugcineni kwalomqulu) bese ucela uNkulunkulu ukuba akusebenzise njengethulizi ukwethula isifundo ngendlela Yena afuna ukuba usethule ngayo.</p>



Fundisa lesisifundo sesikole sangeSonto ekhaya

Ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo

Siyaqhubeka nokwabelana ngezeluleko ezithile zokuthi ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
4	Yenza indawo ilungele ukufundisa engenaziphazamiso lapho wena nengane / nezingane nisezingeni elifanayo. Isibonele: Hlala phansi ocansini noma eduze kwetafula.
5	Funda kulesisifundo. Phinda ufunde futhi isifundo ukuze usiqondisise kahle. Bukela lesisifundo sevidiyo kiliphu ukuze uthole ukuqonda okungcono ngalesisifundo.
6	Zenzele amanothi ngamaphuzu abalulekile ongathanda ukuwakhumbula.
7	Yazi inhoso yalesisifundo ingane yakho okufanele siyikhumbule.
8	Yethula lesisifundo enganeni yakho noma uyifundele lenandaba uma uthanda.
9	Khombisa ingane yakho ividiyo bese uphinde ubuyekeze incazel yayo.
10	Khombisa ingane yakho umsebenzi okufanele iwenze encwadini yayo yokusebenzela (I Also Want To....)
11	Khuleka, noma ucele ingane yakho ukuba ikhuleke bese uphetha isifundo.

Izinsiza zokufunda ezitholakalayo mayelana nokufundisela ekhaya.

Nazi ezinye izinsiza zokufunda zokungezelela lesisifundo sibe sezingeni leqophelo:

1. I-WhatsApp. Xoxani ngesifundo **sesiQinisiso 1** nomunye umndeni osifundayo nawo.
2. Xoxisanani ngesifundo nabanye abazali ukuze uthole ukuchazeleka kahle mayelana nesifundo ngaphambi kokuba sifundiswe.
3. Khululeka ukwenza olwakho ucwaningo ukuze uthole ulwazi olungezekile.
4. Khuluma noMxhumanisi wesikole sangeSonto webandla lakho noma uThisha wesiKole abazimisele ukukusiza.



Isifundo

Isihloko	iKhathekizima
Umbhalo weBhayibheli	Ayikho imibhalo yeBhayibheli yalesisifundo
Inhloso yesifundo	Kungani iKhathekizima yeBandla eliSha lobuPhostoli yabhalwa (i-CNAC). Ukwakheka kwencwadi iKhathekizima yeMibuzo neziMpendulo (CNAC-Q&A) nokuthi ihambelana kanjani ne-nebhuku leKhathekizima yeBandla i-CNAC. Ungayisebenzisa kanjani incwadi ye-CNAC-Q&A.

Isifundo esifingqiwe:

Ingabe iyini iKhathekizima na?

Ezikhathini zokuqala zamaKristu, abantu abadala babenikezwa imiyalo ngaphambi nangemva kokubhaphathizwa. Lapho lezo zifundo zibhalwe phansi, leyomibhalo yayibizwa ngokuthi amaKhathekizima. iKhathekizima yokuqala yaqala ukwenziwa ngekhulu leminyaka yesi-8 futhi yayinesiVumo soKholo kanye noMkhuleko weNkosi nezincazelo.

Ingabe iyini iKhathekizima yethu na?

- Iyincwadi eyinkomba yezimfundiso zesiVumo soKholo lobuPhostoli obuSha.
- Kubalulekile ukuqonda ukuthi isisekelo semfundiso yethu yiBhayibheli. Iqukethe uqhungegengejhunge olubanzi lwezitatemende ezibalulekile zeBhayibheli zeTestamente eliDala neliSha, izinkolelo ezivamile eziyisisekelo zaho wonke amaKristu, kanye nezihloko ezithile mayelana nenkolo yobuPhostoli obuSha.
- Isiza ukujulisa ulwazi lomuntu ngokholo lwethu, futhi inikeze isigaba sempilo yokholo, futhi isekela izingxoxo mayelana nezinye izinhlelo zokukholwa.
- Emnyakeni edlule iKhathekizima iye yathuthuka futhi yahlelwa nguMkhandlu wabaPhostoli ukufinyelela kumashicilelo esiwaziyo kuze kube kulesisikhathi. Kuthathe iminyaka eyisikhombisa ukuthi uMkhandlu wabaPhostoli ngaphansi kweNhloko yabaPhostoli u-Lieber (kusukela ngo-2005 kuya ku-2012) ukuphelelisa ushicilelo lwangalesisikhathi.

Lena yindlela iKhathekizima (CNAC) eyakheke ngayo futhi lezi yizahluko zayo:

- 1 Izambulo zikaNkulunkulu
- 2 IsiVumo soKholo
- 3 UNkulunkulu onguZiqu-zintathu
- 4 Isintu (izidalwa ezingabantu) esidinga ukuhlengwa
- 5 Imiyalo kaNkulunkulu
- 6 Ibandla likaJesu Kristu
- 7 Isikhonzo
- 8 Amasakramente
- 9 Ukuphila ngemva kokufa
- 10 Imfundiso yezinto ezizayo
- 11 Kusukela emlandweni wobuKristu
- 12 Inkonzo eNgcwele, izenzo zesibusiso, nokunakekelwa ngokweluswa
- 13 AmaKristu obuPhostoli obuSha kanye nempilo yabo yokholo

iKhathekizima enkulu enamakhasi angama-515 iqukethe iminininingwane eminingi futhi ijule kakhulu ngemininingwane esahlukweni ngasinye.



iKhathekizima (CNAC-Q&A) yeMibuzo neziMpendulo:

- Lokhu kuhleleka kusebenzisana kalula.
- Ngemibuzo engama-750 anezimpendulo abafundi baholwa ngomongo weKhathekizima.
- Izihloko zihlukaniswe ngemibuzo ezimele futhi iqukethe amavesi aphelele eBhayibheli ukuchaza impendulo, ngakho-ke awudingi uphathe ngisho neBhayibheli esandleni.
- Awekho amagama amanangi anobuchwepheshes, ngakho-ke kulula ukukhumbula.
- Azikho izincazelo ezinde futhi zona ziukethe izithombe nemifanekiso.
- Kulula ukufinyelela olwazini olumayelana neBandla eliSha lobuPhostoli kanye nokholo lwethu.

Udinga ukwazi ukholo lwakho lobuKristu ukuze wabelane ngalo nabanye. Uma sisebenzisa iKhathekizima njengenkomba yethu, kuba nokufana ezincazelweni zethu, ngamanye amazwi, sonke shiso into efanayo.

Iyinkomba ebalulekile yayo yonke imibuzo yakho phakathi neminyaka yakho yokuQinisiswa.

Ingabe sisho ukuthini lesisifundo kithina namhlanje na?

- Sithola kalula imininingwane emayelana ne-Bandla eliSha lobuPhostoli kanye nokholo lwethu.
- Lolulwazi lutholakala ngokuhleleka okusebenzisana kalula encwadini yeKhathekizima yeMibuzo neziMpendulo (CNAC-Q&A).
- Lolu lwazi luyatholakala kubo bonke abefundisi (iziNceku) bethu namalunga kanye nomphakathi.
- Lencwadi yakha isisekelo sayo yonke imiyalo esontweni lethu. Uzoyisebenzisa esiQinisisweni.

Ingabe bowazi na?

1. Ingabe yalotshwa nini iKhathekizima yokuqala futhi yayiqukethe ini na?

Impendulo: Ngekhulu leminyaka ye-8 futhi ibiqukethe isiVumo soKholo kanye noMkhuleko weNkosi nezincazel.

2. Ingabe mingakhi imibuzo nezimpendulo ezikhona encwadini yeKhathekizima efingqiwe (CNAC-Q&A) na?

Impendulo: Imibuzo nezimpendulo ezingama-750 eziqondisa abafundi ngokuqukethwe yiKhathekizima.

3. Ingabe ngizokwazi kanjani ukuthi izimpendulo nemibuzo zilungile na?

Impendulo: Isisekelo semfundiso yokholo lwethu yiBhayibheli. Izitatimende ezingumgogodla zomyalezo weBhayibheli zethulwe kuKhathekizima.

4. Ingabe ngubani owasungula futhi wahlela iKhathekizima oshiqilelweni lwakamuva njengoba siyazi na?

Impendulo: UMkhandlu wabaPhostoli ngaphansi kweNhloko yabaPhostoli u-Lieber kusuka ngo-2005 kuya ku-2012



UMkhuleko kaBaba noMama ngaphambi kwesifundo:

Nkulunkulu othandekayo, ngiyakubonga ngalolusuku

Busisa bonke abazali nezingane

Sengathi singabuzwa ubukhona baKho

Busisa isifundo esizoba naso

Sicela usifundise ukukukhonz

Futhi usisize ukwenza intando yaKho

Ukuze sikhule sisondele kuWe

Thumela uJesu azosilanda

Futhi kwangathi singalungela ukuhlangana na Ye

Amen



Notes